
# YINI...




**Ibhayibheli:** Ebhayibhelini ungafunda ukuthi UNkulunkulu ubabheka kanjani abantu uma eba buka.

**Impilo engunaphakade:** Impilo ngo Jesu ngokwenhloso ka Nkulunkulu. Kwehlula ukufa futhi akunasphetho (p.23, 29, 30 and 59).




**Indodana kaNkulunkulu:** igama likaJEsu. UNkulunkulu owehla ngesiqu somuntu waba indodana kaNkulunkulu.

**Ingelosi:** Isithunywa sika Nkulunkulu esingabonakali (p.5).



**Intethelelo:** UNkulunkulu uyathethelela nanoma ngabe akekho ofanelwe iyona. UNkulunkulu uyathethelela uma ukhombisa ukuzisola ngokona futhi ufisa nokushintsha. Intethelelo iyatholakala kuNkulunkulu ngoJesu owasithwalela ukujeziswa kwethu (p.58).




**Iphasika:** Umkhosi wokukhumbula ukuvuka kuka Jesu. Amajuda agubha lona wephasika ngalo lelo suku (p.38-54).



**Isibusiso:** Izona zonke izinto ezinhle uNkulunkulu afuna ukuzamukelisa abantu abenza intando yakhe.

**Isiphambano:** Uphawu lwengcindezi lapho uJesu afela khona ngokwentando yakhe. Sesenziwe saba isibonakaliso sabo bonke abalandeli baka Jesu (p.25,50).



**Isono:** izinto esizenzayo eziphambene nentando kaNkulunkulu futhi ezenza ukuthi singafinyelelini kulelicebo uNkulunkulu analo ngathi (p.4).

**Ubudlelwano**: Abalandeli bakaJesu bakhumbula ukufa nokuvuka kwakhe ngesinkwa newayini (p.41).

**UJesu:** Igama lendodana kaNkulunkulu elisho ukusindidsa.

**Ukubuya:** Konke kuzokwenziwa kube kusha uma uJesu esubuya emhlabeni. Izulu nomhlaba kuzokwenziwa kube kusha uNkulunkulu (p.57).

**Ukukholwa:** Ukuthembela kuNkulunkulu ukuth uzokwenza akuthembisile (p.58).

**Ukuvuka:** UJesu wavuka kwabafileyo. Ngolunye usuku wonke umuntu uzovuka ethuneni. Wonke umuntu ozobese uyehlulelwa uNkulunkulu (p.53-57).

**Umbuso kaNkulunkulu:** Umbuso kaNkulunkulu ukhona kwabenza intando yakhe.

**UMesiya:** 'Inkosi egcotshiwe' ,uMesiya (igama lesiHeberu) elitolikwe ngesi Grikhi laba uKhrestu (p.52, 55).

**Umfundi:** Umlandeli kaJesu (p.18)

**Umoya Ongcwele:** Umoya uNkulunkulu afuna ukuphila ngawo kubantu abalandela uJesu (p.58).

**Umthandazo:** Ukukhuluma no Nkulunkulu uzwakale noma ungezwakali futhi ulalelele Yena (p.18, 19, 42).

**USathane:** Isitha sikaNkulunkulu nabantu esingabonwayo (esinokubizwa ngokuthi omubi).



## UBANI UJESU UMESAYA


UJesu waphila eminyakeni eyizi-2000 eyedlulayo kwa Isirayeli. Simubiza ngokuthi 'uJesu UMesiya' noma sithi 'uJesu Khristu'. Okusho ukuthi uyiNkosi abe engeyona nje inkosi. UJesu ubizwa ngokuthi 'Indodana kaNkulunkulu' kubuye kuthiwe 'Indodana Yomuntu'. Lokho kusho ukuth wayengoka Nkulunkulu nabantu. Umlando ngempilo kaJesu utholakala ebhayibhelini. Indaba enkulu yazo zonke izikhathi.

## ISIKHATHI SIKAJESU

Esethu Isikhathi siqala ngokuzalwa kukaJesu. Ababntu babehamba ngezinyawo, nangezimbongolo, ngamakamela noma ngamahhashi. Ezindaweni eziningi zaphesheya (Europe), middle east nase northen Africa kwakubusa umbuso wamaRoma. Iningi labantu lalingakwazi ukubhala nokufunda kodwa amaJuda nama Isirayeli wayekwazi. Babebizwa 'ngabantu bencwadi' .

UNkulunkulu ukhuluma kulencwadi okuthiwa Ibhayibheli. UnguMdali wakho konke okuphilayo futhi ufuna ukuba umngani wabo bonke abantu. UJesu wakuveza lokho kwacaca.






# U-ISIRAYELI NGESIKHATHI SIKAJESU

**Inhlokodolobha:** Jerusalema.

**Izifundazwe:** iGalile, iSamariya, iJudiya.

**Ubukhulu:** Ilinganiselwa 28000 km2 (10.810 sq.miles)


**Isimo sezulu:** Ugwadule.


**Umbusazwe:** kusukela 63 BC (Engakafiki UKhrestu) AmaRoma iwona wayebusa u-Isirayeli.


**Uhulumeni:** Pilatu, umbusi wamaRoma, ubusa u-Isirayeli. Thibherusi, umbusi wamaRoma, wabusa phezukwakhe.

**Inkolo:** Inkolo yamaJuda (Judaism). AmaJuda anethempeli eJerusalema. Kunabapristi abenza yonke imisebenzi yalenkolo futhi kunabafundisi njengalaba abaseBhayibhelini.


**Izilimu:** isiHeberu (ulimu lamaJuda), IsiGrikhi (ulimu olusentshenziswa mhlabawonke), IsiLathini (ulimu lwamaRoma).


Qala impilo entsha!
Awukwazi ukubalekela uNkulunkulu, inkemba yokwahlulela kwakhe isezimpandeni zezihlahla...
Yileso naleso sihlahla esingatheli izithelo ezinhle sizonqunywa siphonswe emlilweni!
lalelani lokho. Asilungile ngokwanele na?
Akekho ongabalekela ukwahlulela kukaNkulunkulu. Kodwa emvakwami kukhona ozayo ozonishintsha ingaphakathi lenu. Uzonisindisa.
Uyafuna impiloyakho ibe nomehluko? Woza kulamanzi ubhabhadiswe.
Manje usuhlanziwe ezonweni zakho ukuba uqale impilo entsha!


Wonke umuntu ubiza umshumayeli osemfuleni ngokuthi uJohane umbhabhadisi...
Angikbalulekile mina. Nginilungiselela omunye. Yena uzosikhombisa ukuthi uNkulunkulu ufunani. Uzonibhabhadisa ngoMoya oNgcwele kaNkulunkulu nangomlilo. Lokhu kuyoshintsha impilo yakho ngokuphelele.
Kwase kwenzeka.
Ngifanele ngibhabhad iswe nguwe!
Kwenze. Ngakhoke sizobe senza lokho uNkulunkulu akufunayo.
Baba wethu osezulwini, umbuso wakho mawufike emhlabeni intando yakho mayenziwe!
Kwavela izwi ezulwini lithi...
Yebo. UyiNdodana yami ethandekayo nengithokozay o ngayo.



Ujohane umbhabhadisi ulungiselela abantu bakwaIsirayeli ngokubuya kuka Mesaya. Ngaleso sikhathi AmaRoma wayephethe inxenye enkulu yomhlaba. Uisrayeli wayenza inxenyana yaleyo nxenye enkulu eyayiphethwe AmaRoma.
iKapernawumem
iNazaretha
iKhana
iGalile
iJordani
iJerusalema
iJudea
i-Israyeli
AmaJuda wayemlangazelela uMesiya. Ezincwadini zaboezindala, ukuza kwakhe kuyaqagelwa ngabaprofethi. Uzokwenza uIsrayeli ube mkhulu.
Bheka! Nanti iWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zonke zomhlaba...
Emfuleni iJordani uJohane umbhabhadisi ukhomba uJesu njengemvana engumnikelo...
UMoya kaNkulunkulu waholela uJesu ehlane.
Wahlala khona izinsuku ezingu-40 nobusuku bakhona. Ekhona lapho wayengadli, wayengaphuzi lutho. Wayethandaza ezilile ukuze akwazi ukulungiselela umsebenzi wakhe.
Ukuze kuphumelele, uJesu kwakufanele ezenze zibonakale kahle izinjongo zikaNkulunkulu emhlabeni wonke. Kulicebo likaNkulunkulu ukuthi abantu bakhululwe endleleni yokufa.
UJesu umelana noSathane, umbusi ongabonakali wobumnyama, obusa izwe ngokufa nangokubola.
Yebo Baba, ngifuna ukwenza lokhu okufunayo.


Kodwa uSathane, isitha sakhe, uzama ukunika uJesu imicabango ukuba imdukise uJesu endleleni eyisimiso sikaNkulunkulu.
*Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, guqula lamatshe abe-yisinkwa!*
Chabo! Kulotshiwe eMbhalweni ukuthi: Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamazwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.


*Uma uyiNdodana kaNkulunkulu ngempela, ziphonse phansi, ngokuba kulotshiwe ukuthi: Uyakuyaleza izingelosi zakhe ngawe, zikuthwale ngezandla!*
Kulotshiwe futhi ukuthi: Ungayilingi iNkosi uNkulunkulu wakho.



*Bheka, Uma uguqa phambi kwami, ukhuleka kimi, ngizokunikeza onke amandla emhlabeni!*
Suka Sathane! Ngokuba kulotshiwe ukuthi: Wokhuleka eNkosini uNkulunkulu wakho, umkhonze yena yedwa.



Emveni kwalokho, USathane wayesemshiya; bheka, kwafika izingelosi, zamkhonza...


UJesu ugcwele uMoya oNgcwele ngesikhathi esebuyela eGalile, wayekhulile kulesisizwe esintengentengayo enyakatho yesifunda sakwaIsrayeli. Ngesikhatihi ehamba abantu abaningi bamlandela. Babeshisekela ukwazi ukuthi ngabe uJesu unguMesiya okwakuprofethwe ngaye.





Kodwa-ke naphakathi nomcimbi...
Hawu sinenkinga! Iwa- yini liphelile...
Yenza lokhu uJesu akutshela khona.
Gcwalisa izimbiza ngamanzi bese ninikeza umnikazi womcimbi aphuze.
Amanzi? Kodwa yiwayini! Elimnandi!
Yizwa! Ugcinile leliwayini elimnandi kuze kuyophela umcimbi!
?
Angikaze ngikuzwe lokhu! Angikaze ngibe semshadweni onjengalona phambilini. Amanzi aphenduka iwayini elimnandi! Iwayini elingcono!
Kungumsebenzi kaJesu waseNazaretha!
Unguban i yena?


IKapernawume, yindawo eyayihamba phambili ngokudwebeni ngechibi layo eliseGalile. Kusukela ngaleso sikhathi uJesu waqala ukushumayela kubantu ngombuso kaNkulunkulu!
Futhi lapha uJesu ukhetha abafundi bakhe bokuqala.
Petru, hambisa umkhumbi uye lapho kujule khona, bese uphonsa amanetha laphaya.
Nkosi, sisebenzile ubusuku bonke kodwa asibambanga lutho.
Kodwa uma usho kanjalo, kulungile...
Hawu! Angikukholwa lokhu!



Jakobe! Johane! Buyani ngapha! Lokhu kungukudoba eningazange nikubone!
Ngishiye Nkosi, ngingumuntu ogcwele izono.
Ungesabi, Petru!
Wozani ningilandele! Ngizonenza abadobi babantu!
Ngilandele!


UJesu wahamba lonke izwe laseGalile nabafundi bakhe. Babetshela bonke abantu ngombuso kaNkulunkulu. Wayelapha zonke izinhlobo zezifo, ekhipha amademoni, abantu babemangala bamlandela. Babesuka ngisho nasezinxenyeni zezwe naseJerusalema okuyinhloko yedolobha lakwaIsrayeli. Babambelela ezwini lakhe.
Babusiswe abampofu, ngokuba umbuso wezulu ungowabo.
Babusisiwe abalambele ngokuba bayakusuthiswa.
Babusisiwe abakhalayo ngokuba bayakududuzwa.
Nibusisiwe uma beniphatha kabi ngenxa yegama lami; jabulani nithokoze ngokuba umvuzo wenu mkhulu ezulwini.



Yenza lokhu okuthandayo abantu bakwenze kuwe.
Thanda izitha zakho, uzikhulekele.
Yenza okuhle ekusithekeni, yikhona ungeke wabukwa.
Yilowo nalowo obona owesifazane amkhanuke ngenhliziyo usephingile.
Iso lingukukhanya komzimba. Uma iso lakho libuka kahle, nomzimba wakho usekukhanyeni, kodwa uma iso lakho lififiyela, nomzimba wakho usebumnyameni.
Akekho ongakhonza amakhosi amabili: kungaba uNkulunkulu noma ingcebo.
Ungazikhathazi ngekusasa. Naka umbuso kaNkulunkulu kuqala bese kulandela okunye.
Uma ulandela amazwi ami, ufana nomuntu owakha indlu yakhe phezu kwedwala. Uma kungenjalo, ufana nomuntu owakha indlu yakhe esihlabathini.




Ngelinye ilanga abantu babewungunga indlu kaJesu eKapernawume...
Angeke sikwazi ukufinyelela.
Kufanele kubenguphahla, umbhede nakho konke!
Kwenzekalani laphaya phezulu?
Bayekele! Labobantu banokukholwa okukhulu.
Izono zakho zithethelelwe!
kunjani ngaye. Nizwile lokho na?
Uklolodela uNkulunkulu.
NguNkulunkulu kuphela ongakhulula umuntu ezonweni.
Yikuphi okulula esingakusho kulendoda eshwabene uhlangothi: Izono zakho zithethelelwe, noma sukuma?
UMesiya unegunya lokuthethelela izono. Kodwa ngithi futhi: Thabatha uhlaka lwakho uhambe!



Akukholakali!
Yebo! Ngiphilile!
Uyazihambela!
Kodwa kwakungeyibo bonke abantu ababethokozile ngezenzo zikaJesu. Abefundisi abakhulu babebhekisisa ukuthi uJesu uyawugcina yini umthetho wesabatha. Ngalolusuku kwaIsrayeli kwakungafanele ukwenza nanoma yiluphi uhlobo lomsebenzi.
Lena indoda enesandla esishwabeneyo. Kungabe kuvumelekile ngalolosuku ukwenza okuhle na?
Yelula isandla sakho!
Hawu! Ngiphilisiwe!
Kufanele siqede ngo Jesu!
Izikhulu zaseJerusalema kufanele zitshelwe ukuthi wedukisa isiswe!



Kulokho kungezwani kukaJesu nabaholi, uJesu wabese uyayeka wahamba ngomkhumbi nabafundi bakhe.
Nkosi! Sisize! Siyafa!
Kungani ninokwesaba na? Kuphi ukukholwa kwenu na?



Kwakukhona indoda eyayiphethwe amademoni eyayihlala ezintabeni...
Nguye! Awu!
Uyeza!
Hawu, hawu, Jesu!
Nginamsebenzi muni nawe, Ndodana kaNkulunkulu ophezukonke?
Phuma kulomuntu, moya ongcolileyo!
Ungubani igama lakho?
NginguLegiyona, ngokuba sibaningi.
Masiye kuleziyazingulube.
Hambani!


?
Ngiphilisiwe ngokuphelele!
hamba!
Usiyeke!
Ngingeza na?
Cha-bo, hamba uye ekhaya kwabakini, ubatshele ukuthi kungakanani iNkosi ekwenzele khona, yakuhawukela!


Ngiyanitshela: iNdodana ayikwazi ukwenza utho ngokwayo. Yenza lokhu ekubona kuYise ekwenza. Angizamanga ukwenza intando yami kodwa ngenza intando kaBaba wethu osezulwini. Okunguyena owangithumelayo.
UJesu wayekujwayele ukuya endaweni ethule ukuba ayokhuleka.
Emva kobusuku bokuthandaza kwakhe wakhetha abafundi bakhe abayishumi nambili. Wabathumela ngababili ngababili. Wabanikeza amandla okubhekana namademoni kanye nezifo.
Nazi izelamani uPetru kanye noAndreya...
Izelamani uJakobe noJohane...
UFiliphu noNathaniyeli...



UTomase noMathewu (owaba-ngumthelisi phambilini embusweni wamaRoma).
UThadewu nomunye uJakobe...
USimoni isishisekeli sokulwa noJuda Iskariyothe.
Hambani, oyokwamukela nina, wamukela mina, futhi oyokwamukela mina, wamukela uNkulunkulu ongithumile.
Abafundi bakaJesu abayishumi nambili babuya bejabula ngokushumayela kwabo. Emva kwalokhu uJesu wafuna ukuya endaweni ethule nabo, kodwa izixuku azimshiyanga yedwa.
Isivuno sikhulu kodwa abasebenzi abakhona bambalwa. Khulekani eNkosini yesivuno ukuba inithumele abanye abasebenzi ukuhlanganyela ekuvuneni.



UJesu uyakhuluma, futhi uyaphilisa. Ilanga seliyashona...
Filiphu, bazokuthola kanjani ukudla lababantu abangaka na? Kungani ungabaphi okuthile?
Inkokhelo yamakhulu amabili ngeke yabanela lababantu!
Nangu umfana onezinkwa ezinhlanu kanye nezinhlanzi ezimbili ezincane. Yilokho kuphela.
Hlalisani abantu ngamaqembu babengama-50 eqenjini.
UJesu ubonga uNkulunkulu...
Wahlephula izinkwa nezinhlanzi.


Kwasuthiswa izinkulungwane zabantu njengoba uJesu wayekwandisile ukudla.


Sizomenza iNkosi!
Impela uyena uMesiya esasithenjiswe yena.



Bheka nje! Kusasele obhasikidi aba-12!



Sekuyisikhathi sokuthi abantu bahambe. Thathani umkhumbi newelele ngaphesheya. Ngizosala lapha entabeni ukuba ngikhuleke.


Kunabantu abafuna ukumbeka uJesu abe-yinkosi. Bayathemba ukuthi ngobuholi bakhe umbuso wamaRomani ungakhishwa. Abamelene noJesu nabo babeqhubeka ukwanda. Nanoma asiza abantu, abaholi bezenkolo babecabanga ukuthi uphambana nomthetho. Babefuna abantu bamphendukele ukuze baqede ngaye.
Mfundisi, ufike nini lapha na?
Ingabe nifuna Mina ngenxa yesinkwa engakunika sona na?
Ningakhathazeki ngokudla okubolayo kodwa khathazekani ngokudla okuyohlala futhi kube-yimpilo yaphakade.
Mina ngiyisinkwa esininikeza ukuphila okuphakade. Ngumzimba wami onikezwe impilo yomhlaba wonke.
Ingasinika kanjani lendoda umzimba wayo ukuba siwudle na?
Kuyisinengiso!
Hambani!
Ukhohlisa wonke umuntu.
Anifuni yini ukusuka nani na?
Nkosi, sizohamba siye kubani na? Nguwe onamanzwi okuphila okuphakade!


Ujesu uyasongelwa. Abanye babefuna ukumshaya ngamatshe. Wayehamba eGalile. Neqembu labalandeli bakhe abesilisa nabesifazane,waqhubeka nomsebenzi wakhe kwezinye izindawo KwaIsirayeli...
Galile
iJerusalema
Israeli
Kamuva waya eJerusalema.
Abantu, bacabanga ukuthi ngingubani na?
Bacabanga ukuthi ungomunye wabaprofethi.
Ngesikhathi behamba...
Nina-ke?
Nicabanga ukuthi ngingubani na?
UnguMesiya, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo.
Ningatsheli muntu. UMesiya kufanele aye eJerusalema ukuba ahlupheke futhi afe. Kodwa ngosuku lwesithathu uzovuka ethuneni.


Endleleni abantu bayabulawa. Babethelwe, okuyisihlungu, isigwebo sokufa samaRoma.
Uma umuntu engithanda, kufanele azidele, athabathe isiphambano sakhe angilandele.
Obambelela empilweni yakhe uzolahlekelwa yiyo, kodwa olahlekelwa ukuphila kwakhe ngenxa yami, uyokuzuza.
Kufanele ukwazi lokhu, kukhona uNkulunkulu oyedwa.
Into ebalulekile ukuthi uthande uNkulunkulu ngakho konke onakho, futhi uthande bonke abantu njengalokhu uzithanda wena!


Ngokomthetho waKwaIsrayeli abantu ababeno choko babengahlambulukile. Babehlukaniswa nabanye. Babengavumelekile ukuthintwa abanye.
Abaphethwe ubulephelo babememeza uma behamba, ukuze baxwayise abantu ukuthi bayeza.
Akuhlambulukile! Akuhlambulukile!
Jesu, Nkosi! Sihawukele!



Hambani, niyoziveza kumpristi!
Sihambe siye kumpristi na? Siyohlolwa yini?
Kungabe kulapho yini esingaphulukiswa khona?
?
!
Bheka. Ngiphilisiwe!
Siphilisiwe!
Woza!
Haleluya! UNkulunkulu unomusa! Ngiyabonga!
Beningesilo yini ishumi eniphilisiwe na? Baphi abanye? Abezanga ngani ukuzobonga kuNkulunkulu?
Sukuma! Ukukholwa kwakho akukuphilisanga kuphela kodwa kukusindisile.

Izikhulu zenkolo eJerusalema zathuma amadoda ukuba ayokhuluma niJesu. Akakwazi ukwenza okuhle kuphela. Babefuna ukumcupha ngokuthile ebese bambeka icala.













UJesu wabizwa eBethaniya, indawo engekude kakhulu neJerusalema ULazaru uyagula. Ulazaru nodadewabo ababili uMarta noMariya babengabangani abakhulu bakaJesu. Ngenkathi uJesu efika eBethaniya wezwa ukuthi uLazaru sekudlule izinsuku ezine engcwatshiwe.
Nkosi!
Nkosi, ukuba ubukhona ngabe umfowethu akafanga!
Umfowenu uzovuka futhi, Marta.
Yebo ngiyazi, uzophila futhi ekuvukeni kwesibili osukwini lokugcina.
Mina ngingukuvuka nokuphila, noma yimuphi okholwa yimi wophila. Uyakholwa yilokho, Marta?
Yebo Nkosi! Ngiyakholwa unguMsindisi okwathenjiswa ngaye ukuthi uzofika emhlabeni, iNdodana kaNkulunkulu.
Nimngcwabe kuphi?
Woza ubone, Nkosi!


Awubheke; Wamthanda ngempela.
Kodwa, ubengeke yini abuvikela ukufa kukaLazaru?
Nakhu lapho izidumbu zimbozwe khona ngezindwangu, zabekwa emhumeni.
Susani itshe!
Nkosi, kuzonuka, besekuphele izinsuku ezine...
Uzobona inkazimulo kaNkulunkulu.
Baba, ngenza lokhu ukuze abantu bazi ukuthi ngingubani.
Lazaru phuma!
Mkhumuleni izindwangu zokufa, bese nimyekele ahambe.



Ababusi baseJerusalema bakhathazeka kakhulu ngendaba kaJesu nabafundi bakhe.
Lendoda yenza izimangaliso eziningi.
Uma siyeka lokhu kuqhubeka amaRoma azothatha izinyathelo!
Bazokona ithempeli lethu kanye nesizwe sethu!
Sebenzisani imiqondo yenu, kungcono ukufa komuntu oyedwa kunokufa kwesizwe sonke.
Yingakho uJesu ezokufa!
Umuntu oyedwa kumele afele bonke abantu. Yingakhoke abaholi bezenkolo bakubona kuyithuba lokuthola uJesu. Usendleleni eya eJerusalema. Lokho kwakuqinisekiwe. Babefuna amaRoma amgwebe isigwebo sokufa.



Ngenkathi uJesu wayeseBethaniya...
Lawomafutha enadi lodwa linenani elikhulu!
Mariya!
Bekuzobangcono ukuba siwadayisile sinikele ngemali kwabampofu!
Myeke, Juda! Ulungisela umzimba wami ukuba ungcwatshwe.


Sekuzoba isikhathi somkhosi wePhasika. Izixuku zabantu ziya eJerusalema. Baletha iminikelo ethempelini...


EJerusalema abapristi abakhulu benza icebo lokumbamba uJesu. Nokho wayevele esendleleni eya eJerusalema.


Abantu bahalalisa, lapho bemhlangabeza.
Halala!
Halala!
INkosi yamaIsrayeli!
Mayiphile phakade leNdoda eza egameni likaNkulunkulu!
Jerusalema, ukube ubukwazi ukuthi ungakuthola kanjani ukuthula. Kepha awufuni.
Khumele akuyeke lokhu.
Wonke umhlaba ulandela Yena.



Ithempeli elisedolobheni liyindawo yokudumisa nokukhonza kwabenkolo yamaJuda.
Ngesikhathi somkhosi wePhasika amawundlu ayebulawa.
Amawundlu ayenikelwa ethempelini ukuba kubuyisane abantu noNklulunkulu.
Kodwa yiliphi iwundlu eliwumhlatshelo elingakhulula abantu ezonweni zabo?
Enkundleni yethempeli abantu bamatasatasa bayadayisa, bayashintshelana ngezimali.
UJesu wayelapho...




Kuzomele sibe icebo lokumthola bese siyambulala.
Kodwa hayi ngesikhathi somkhosi. Asifuni inkinga ngesikhati somkhosi wePhasika.
Niyakunginika malini ngokumkhaphela kini na?
yena uJuda, ungomunye wabafundi bakaJesu!
Ngiyakukhaphela ngoJesu kini!
Sizokunikeza izinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu; intengo yokudayisa isigqila.


Ngamphambi kokuba kufike iphasika uJesu wayekhuluma nabantu ethempelini. Waba nombono ngokuwa kweJerusalema. Wonke umuntu kuzomele abaleke. Kodwa yena angeyeke ukubathanda bonke abantu. Wayesecela uPhetru no Johane ukuba balungise isidlo sePhasika...
Ngalobobusuku uJesu nabafundi bakhe abayishumi nambili bahlangana edolobheni beze kumkhosi wePhasika.
Ngizokwenza lokho namhlanje ebusuku!


Nkosi, uzogeza izinyawo zami njengesigqila na? Cha! Awusoze!
Uma ngingakugezi Petru, awunasabelo nami.
Nkosi, akungabi izinyawo zodwa kepha nekhanda nezandla zami!
Ogeziweyo kadingi lutho, kuphela ukugezwa izinyawo, kepha ugezekile wonke.
Ningibiza nithi, Nkosi, Mfundisi, nisho kahle, ngokuba ngiyikho. Njengoba nginigeze izinyawo zenu, kufanele nenze njalo nakwabanye.
Omunye wenu uyakungikhaphela.
Akusoze!
Kungaba yimi?
Juda, okufanele ukwenziwa nguwe, kwenze masinyane!


Yenzani lokhu njalo ukuba ningikhumbule...
Thabathani nidle, lokhu kungumzimba wami.
Thabathani lesisitsha, lokhu kuyigazi lami lesivumelwano elithululwa ngenxa yabaningi. Ngalendlela uNkulunkulu wenza isivumelwano esisha nani.
Ngininika umyalo omusha wokuba nithandane njengalokho nginithandile.
Uma kukhona loluthando phakathi kwenu, ngalokho bonke bazokwazi ukuthi ningabafundi bami.
Nkosi, ngiyakulandela noma uyakuphi. Ngizodela ukuphila kwami ngenxa yakho.
Petru, ngesikhathi lingakakhali kathathu iqhude uzongiphika.


Emvakwesikhati ngaleyomtambama, uJesu nabafundi bahke basuka edolobheni. UJuda wayengekho kubo...
Ngizonishiya ngiye kuBaba, kodwa uBaba wethu osezulwini uzonithumela uMoya oNgcwele. Uzonisiza, futhi uzohlala nani njalo.
Nalapho ngiyakhona niyayazi indlela.
Mina ngiyindlela neqiniso nokuphila; akakho oza kuBaba ngaphandle kwami.
Hlalani lapha, ngisaya phambili kokhuleka laphaya.
"Baba, uma kungenzeka, akudlule kimi lokhukuhlupheka."
Nokho, kungabi njengokuba mina ngithanda kodwa njengokuba wena uthanda!



Nilaleleni na? Vukani! Ongikhaphelayo usesondele!
Nizobamba loyo engiyakumanga.
Sawubona, Rabi!
Juda, ukhaphela uMesiya ngokumanga na?
Nkosi, sesingalwa na?
Cha-bo!
UJesu wabadedela ukuba bamthathe. Abalandeli bakhe bahlakazeka babaleka.




UJesu wathathwa wasiwa kumpristi omkhulu, kumphathi omkhulu wabapristi abakhulu bamaJuda. UPetru noJohane balandela kude.
UPetru wangena egcekeni lapho okwakuzothethwa khona icala.
Ubungahambi naye na?
Cha-bo, angimazi lomuntu.
Awusiye omunye wabafund bakaJesu na?
Cha-bo, angimazi ngokumazi!
Ngiqinisekile. Ubukhona! UngumGalile!
Angazi ukuthi ukhuluma ngani.




Lakhala iqhude.
UJesu ufuna ukubonana noPetru...
Woza lapha, siprofethele. Ngubani okushayile na?
Ekuseni uJesu walethwa emkhandlwini wabapristi abakhulu bamaJuda. Umpristi omkhulu wampheka ngemibuzo.
UyiNdodana kaNkulunkulu na?
Kunjengokuba usho.
Uyahlambalaza, ufanele ukufa. AmaRomani mawathethe amacala!



UJesu walethwa kumbusi wamaRomani, kuPilatu. Abapristi abakhulu bagovuza labo ababebukela. Babememeza onke amacala abamethwesa wona.
Uthini ngawo onke amacala othweswa wona na? Awusho lutho na?
Wenzeni na?
Sengifike ukuba ngifakaze iqiniso.
Liyini iqiniso?
Angifumananga cala kuye. Kungumkhosi wePhasika. Ngubani ofanele nginikhululele yena na? UBaraba noma iNkosi yamaJuda na?


UBaraba!
UBaraba!
Kodwa nifuna ngenzeni ngoJesu na?
Mbethele!
Ucabanga ukuthi uyiNkosi!
Uma umkhulula uyobe ungesiyena umhlobo kaKhesari.
Ungahamba ukhululeke esikhundleni sakhe.
UBaraba ukhululiwe endaweni kaJesu. Kwakutholakele ukuthi unecala lokubulala lezombangazwe.
...37, 38, 39!
Anginacala egazini lalomuntu.
Bayede! Nkosi yamaJuda.


Bhekani! Nansi indoda!
Mbethele!
Sukani lapha nalomuntu!
Mbethele!
Upilatu wakhipha isigwebo. Ujesu kumele athwale isiphambano emigwaqweni yaseJerusalema.
Indawo yokubethelwa yayingaphandle kwedolobha laseJerusalema. Yayibizwa ngokuthi iGolgotha okungukuthi indawo yeKhanda.
Lapha amabutho abethela uJesu ngezipikili esiphambanweni.



Emva kwesikhashana, uJuda uyazisola ngalokhu akwenzile.
Ngenze iphutha.
Ngikhaphele igazi lomuntu ongenacala.
Asinandaba nalokhu. Inkinga yakho leyo!
UJesu uyabethelwa phakathi kwezilelesi ezimbili.
"Baba, bathethelele, abakwazi abakwenzayo."



Kwabekwa umbhalo phezulu esiphambanweni sakhe obhalwe ngezilimi ezintathu uthi: “Lo uyiNkosi yabaJuda.”.
IESVS NAZARENVS REX IVDAEORVM
UJesu akavumi ukuphuza isiphuzo esiqeda izinhlungu.
Amabutho abelana izingubo zakhe ngokwenza inkatho.
Yebo! Abanye wabasindisa na?
Uma uyiNdodana kaNkulunkulu zisindise! Yehla esiphambanweni!
Zisindise wena kanye nathi!
Nawe awumesabi uNkulunkulu. Thina sithole esikulingene nesikwenzile, kepha yena akenzanga lutho.
Jesu! Ungikhumbule uma ungena embusweni wakho!
Ngiqinisile ngithi kuwe: “Namuhla uzoba nami eParadisi.”


Ngezikhathi zasebusuku kwabamnyama yonke indawo. Kwathatha amahora amathathu.
UMariya, unina kaJesu, noJohane, umfundi kaJesu babemile eduze nesiphambano.
“Manje usungumama nendodana.”
“Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na?”
“Ngomile.”
“Baba! Ezandleni zakho ngiyawubeka umoya wami.”
“Kufeziwe.”



UJesu wafa ngehora lesithathu ntambama. Omunye wombutho wamgwaza uJesu ngasohlangothini, kwaphuma amanzi negazi.
Kuthiwa eziNcwadini: “Wayedonswa njengewundlu eliyohlatshwa.”
“Wahlatshwa wabulawa ngenxa yezono zethu.”
Kungabe nguyena onguMesiya owayezofika noma cha bo?
Woza, sicele ukuthi singamngcwaba yini.
UJosefa waseArimatheya noNikodemu bathatha isidumbu sikaJesu. Basethula basisonga ngendwangu basibeka ethuneni elaliqoshwe edwaleni, bagingqela itshe elikhulu emnyango wethuna.


Sezendlulil insuku zePhasika, abanye abafazi baya ethuneni...
Itshe lisusiwe!
Nimfunelani ophilayo kwabafileyo na? Uvukile. Hambani nitshele abafundi bakhe!
UPetru noJohane bagijima baya ethuneni ngenkathi bezwa lokhu.
Kwenzekeni?
Alinalutho!


Ensimini eseduze kwethuna...
Mame, ukhalelani na? Ufuna bani?
Mlimi, kungabe umthathile na?
Mariya!
Nkosi!
Ungangibambi. Tshela abafowethu ukuthi ngibuyela kuBaba wami futhi okuwuBaba wenu, kuNkulunkulu wami futhi okunguNkulunkulu wenu.



Ngalolusuku abanye babafundi bakaJesu babemangele behamba bekhulumisana ngezindaba ezenzekile zokubethelwa kukaJesu.
Anikholwanga kubaprofethi na? UMesiya ubengamelwe yini ukuhlupheka ngalokho aze angene enkazimulweni yakhe na? Konke lokhu kwakubhaliwe eziNcwadini.
Kwathi besahlezi ngesikhathi sokudla isinkwa isivakashi sabo sanyamala...
Kodwa bekunguJesu uqobo!
Basuka ngaso lesosikhathi bayofuna abanye abafundi bakaJesu.
Siyibonile iNkosi!
UMariya noPetru nabo futhi bambonile!
Ngokuphazima kweso...
“Ukuthula makube kini.”
Anikholwa yini ukuthi yimina na? Bhekani ezandleni zami nasezinyaweni zami!
Nkosi yami, Nkulukulu wami!


UJesu uzibonakalisa kubafundi bakhe ezinsukwini ezingamashumi amane ezilandelayo. Futhi uzibonakalisa kubantu abangamakhulu amahlanu ngasikhathi sinye. Ngelinye ilanga abanye babafundi bakaJesu babedoba olwandle IwaseGalile...
Kukhonani esingakudla na?
Cha,asibamba nga lutho!
Phonsani amanetha enu laphaya!
O' Nkosi yami, sibambe ezingaka!
KuyiNkosi!
Nkosi!
Wozani nizokudla kanye nami na?


Simoni Petru, uyangithanda na?
UJesu ubuza uPetru lombuzo kathathu...
Yebo, Nkosi, uyazi ukuthi ngiyakuthanda.
Bheka izimvu zami!
Ngilandeleni!
Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni, Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli, nenza zonke izizwe zibe-ngabafundi bami nibhapathize egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele, nibafundise konke enginitshele khona.
Khumbulani. Nginani nsukuzonke kuze kube-sekupheleni komhlaba.
Emva kokukhuluma lamazwi uJesu wenyuka, waya ezulwini. Kodwa wayeshilo ukuthi usazobuya azokwahlulela bonke abantu...



Abalandeli bakaJesu basala bathandaza. Emvakwezinsuku ezingama-50, ngosuku lwePhethekhosti, umoya ongcwele wehlela kubo. Wona lomoya owawukuJesu usephila kubo abakholwa yiwo. Abafundi bakho bngofakazi abanamandla. Okunye nokunye abantu sebezwa ngoJesu...
Ukufa akumbambanga uJesu; uNkulunkulu wambuyisela empilweni yakhe wamenza waba-yiNkosi, uMesiya. Ungowokuqala ukungena enkazimulweni kaNkhulunkulu futhu useyatholakala nakithi.
Abafundi bakaJesu baphuma bafakaza ngalokhu ukunqoba, noma bahlushwa ngabantu.
UJesu uyiNdodana kaNkulunkulu. Nathi singaba abatwana bakaNkulunkulu.
Lo mlayezo ubuye umenyezelwe ngezincwadi...
Anginamahloni ngalezi zindaba ezimnandi. Zingamandla kaNkulunkulu asindisa abantu. Kwasekuvele kulotshiwe nazezincwadini ukuthi “uma ukholwa ilezi zindaba umuhle emehlweni kaNkulunkulu futhi uzophila”.
Namanje abalandeli bakaJesu basahlangana ngobuningi ndawonye emhlabeni wonke bathandaze, bafunde iBhayibheli kanyekanye. Baphila emseni kaNkulunkulu. Bayazizwela ukuthandwa nguye. Bayathandana basize nabampofu. Bayazithanda nezitha zabo. Bahlephula isinkwa baphuze iwayini bakhumbule ukufa kukaJesu. Kuyisifiso sikaNkulunkulu ukuba babelane ngothando Iwakhe oluhlala ezinhliziyweni zabo.


UJesu wenza ukuba abantu bahlale ndawonye ngokuthula.
Lubongeni uthando lwake. Zitholeleni lona kuye. Futhi nimkhonze!
Unkulunkulu wathuma iNdodana yakhe emhlabeni ukuba isindise hhayi ukwahlulela. Ngokuba uNkulunkulu wasithanda kangaka, wanikela indodana yakhe eyodwa. Wonke umuntu okholelwa kuyo angabe esaduka kodwa ebe nokuphila okuphakade!
WILLEM DE VINK

## IBHAYIBHELI

Indaba kaJesu ilotshwe eBhayibhelini.Ayikho enye incwadi eyayifundwa noma afundwayo izikhathi eziningi ukundlula iBhayibheli. Incwadi egcwele izincwadi. Kwathatha iminyaka eyi-1500 ukubhala lezi zincwadi zonke. Eminyakeni eyi-1900 eyendlula, kwaqedwa ukubhalwa kweBhayibheli. Liqukethe izindaba eziningi ngoku mbandakanyeka kukaNkulunkulu ezimpilweni zabantu. Indaba kaJesu Khristu ikhombisa ngokusobala ukuthi ungubani uNkulunkulu.

## UMLANDO KAJESU



Ibhayibheli linezincwadi ezine ezichaza umlando ka Jesu. Ziqanjwe amagama ngokwababhali bazo. Ababhali bazo baphila ngesikhathi sika Jesu.

**Mathewu** – Umfundi ka Jesu. Wayesebenza njengomqoqi wentela. Uchaza kabanzi ngokuthi uJesu wayesebenza kanjani nabantu bakwa Isirayeli ( AmaJuda).

**Makho** – Waseyibhungu ngesikhathi uJesu enza umsebenzi wakhe. Ubhala ngezimangaliso ezazenziwa uJesu.

**Lukha** – Wayengudokotela wezempilo. Wayengamazi kakhulu uJesu. uLukha uchaza ukuthi uJesu weyesebenza kanjani nabantu.

**Johane** – Naye abengumlandeli ka Jesu. Yenake uchaza kabanzi ngokuthi ungubani uJesu. uJesu ungu Nkulunkulu, owaba ngumuntu ukukhulula abantu ezononweni zabo.


## UKUZALWA KUKA JESU

Unina ka Jesu wayengashadile ngesikhathi ekhulelwa uJesu. Wayeseyintombi engakazalwa uJesu. Kepha uNkulunkulu wayesekuhlelile ukuthi uJesu ezalwe. Lomangaliso lona wamenyezelwa ezincwadini ezabhalwa esikhathini eside ngaphambi kokuba azalwe uJesu. UJesu akazalwanga eyiqhawe noma njengomuntu obalulekile. Wazalelwa esibayeni njengoba kwakungekho elinye igumbi elalikhona.


## IZIMANGALISO ZIKA JESU

UJesu wenza izimangaliso esiningi. Ibhayibheli lisibalela ezingaphezu kwama-40 zokuphilisa. Ngokwalezi zimangaliso, uJesu ukhombisa amandla nothando luka Nkulunkulu nokuthi ufuna ukusiza abantu nokubajalisa.





## UKUFA NOKUVUKA KUKA JESU



***Kungani uJesu afa? Incazelo esiyithola ebhayibelini.***

Bonke abantu bayona ngezinye izikhathi. Izinto ezingathandwa uNkulunkulu nezimthukuthelisayo. Zibizwa ngokuthi izono.
Zonke lezo zono baqhelelane noNkulunkulu.
Yingakhoke uJesu weza emhlabeni. Ngentando yakhe, uJesu wathatha ukujeza kwethu ngezono zethu. Leso sijezo kwakungukufa. Ngengoba uJesu wasifela, sesingakwazi ukuba bangani noNkulunkulu futhi.
Kodwake kumele sizisole ngokubi esikwenzile.
uJesu wavuka kwabafileyo. uNkulunkulu wamenza waphila futhi. Ngalokho uNkulunkulu wakhombisa ukuthi unamandla ahlulukufa.
Ujesu usehlala noNkulunkulu. Ngokuba uyaphila, usengaba ngumngani nathi njalo. Ufuna siphile ngendlela emthokozisayo uNkulunkulu.

### UMTHANDAZO

*Uma uzisola ngokubi okwenzile, futhi ufuna ukuba ngumngani noNkulunkulu, ungathandaza uthi:*
*"Nkulunkulu, uyangithanda.*
*Wanikela ngendodana yakho eyodwa.*
*Wafela izondo zami engizenzile esiphambanweni.*
*Ngicela intethelelo ngokubi engikwenzile. Ngicela ungithethelele.*
*Ngiyabonga ukuthi uJesu ungakimi.*
*Ngizohlala ngifuna ukuba ngowakho.*
*Ungangisiza ngiphile ngendlela ofuna ngiphile ngayo?*
*Ungahlala eduze kwami?*
*Ngiyabonga ukuphendula umthandazo wami.*
*Yenza lokho okuthembisile!"*

## UJESU NAWE

Indaba kaJesu inesiphetho esingagcini. Kusukela kudala ube ngumngani wabantu abaningi kuze kube manje. Umhlaba usushitshile, abantu abaningi abasahambi ngezimbongolo namahhashi kepha sebahamba ngezimoto namabhanoyi. Kepha lokho akwenzi mehluko kuJesu. Usengalunga, ebeseduze nathi njengoba ahamba kwa Isirayeli.
Ufuna ukuba ngumngani wakho namhlanje. Ungamlalela umthande.

Uyafuna ukwazi okuningi ngo Jesu nangempilo naye? Ungenza lokhu okulandelayo:

· **Qala ukuzifundela ibhayibheli ngokwakho.**
(Isibonelo, funda lengxenye ebhalwe uLukha)

· **Qala ukuthandaza.**
(Ukukhuluma nokulalela uNkulunkulu awudingi amagama akhethekile)

· **Khuluma nabanye abantu ngo Jesu nebhayibheli.** UJesu ufuna abalandeli bakhe bahlangane bakhuthazane basafunda okuningi ngaye.

*Publisher:*
*Swazi Vision*
*PO Box 218*
*Nsoko (Swaziland)*
*Email: info@swazivision.org*
*Website: www.swazivision.org*

*Text and illustrations: Willem de Vink.*
*Original copyright © 1993 Stichting Wereldtaal, Houten, The Netherlands.*
*Published in Dutch as "Jezus Messias".*
*Zulu edition: 2001, 2015, 2021 Translation done in co-operation with Mission Dept. of the Dutch Reformed Church Leerdam and Stichting "Pro Religione et Libertate", The Netherlands and SwaziVision.*
*Digital copyright under the terms of the Creative Commons BY-SA licence Worldwide*
*co-edition organised and produced by: Wycliffe Netherlands Postbus 150 3970 AD Driebergen The Netherlands +31(343)517444*
*www.wycliffe.nl e-mail : jmpbk.app@gmail.com*
*https://jesusmessiahcomicmedia.com/Welcome*

*UJesu uMesiya. Lenake yindaba eliqiniso ngoJesu uMesiya. Waphila eminyakeni eyizi-2000 eyendlula. Bonke abantu ababehlangana naye babemangazeka. Akekho noyedwa owayenza okwakwenziwa nguye. Akekho owake wakhuluma okwakukhulunywa nguye. Wayenza izimangaliso zakhe laphe wayekhona. Futhi wayeletha intokozo nenjabulo kubo bonke ababekhathalela ukumlalela. Kodwake konke lokho kwaphela kungekudala. Izitha zakhe zamgweba. Kodwake lokho akubanga isiphetho. Zifundele wena ngokwakho ukuthi kwenzeka kanjani ubone nokuthi indaba kaJesu uMesiya iqhubeka kanjan. Lencwadi iyinguqulo ekhethekile yalelivangeli. Lendaba ithathwe emaVangelini amane njengokuvela kwawo eThesitamentini Elisha.*



*Language: Zulu (South-Africa)*
*ISBN: 978-94-93178-36-6*